

## Ukuphilela UNkulunkulu



### ISabatha Emini

#### Kuleliviki Funda:

1 Pet. 3:8–12; Gal. 2:20; 1 Pet. 4:1, 2; Rom. 6:1–11; 1 Pet. 4:3–11; 2 Sam 11:4.

#### Indimana Yekhanda:

“Ngokuba amehlo kaJehova aphezu kwabalungileyo, futhi izindlebe Zakhe zisekunjuseni kwabo; Kepha ubuso beNkosi bumelene nalabo abenza ububi.” (1 Petro 3:12, NKJV).

**A**babhali beBhayibheli babebazi ubunjalo bobubi besintu. Babengebazi ngani? Izwe libishe kubo. Ngaphandle kwalokho, babebazi nobubi babo, ngokunjalo (buka u-1 Tim 1:15). Babazi futhi ukuthi lokhu kubucayi kangakanani; nembala, buka ukuthi kwathathani—siphambano sikaJesu Kristu—ukuxazulula inkinga yesono. Sidephe futhi singenele kangako isono. Kepha futhi ababhali beBhayibheli babewaqonda kakhulu amandla kaKristu okugquka izimpilo zethu futhi asenze abantu abasha Kuye.

Kuleliviki, uPetro uqhubeka kumzila ofanayo: uhlobo lwempilo entsha amaKristu angaba nayo kuKristu emuva kokuba ezinikele Kuye futhi abhabhathizwa. Eqinisweni, inguquko izoba nkulu kangokuba nabanye bazoyiqaphela. UPetro akasho ukuthi lenguquko izoba lula ngasonke isikhathi; nembala, ukhuluma ngesidingo sokuhlupheka enyameni (1 Pet.4:1) ukuze sikwazi ukuba nalokhu kunqoba esikuthenjisiwe. UPetro uqhubeka nendikimba egcwele iBhayibheli, iqiniso lothando empilweni yokholwa kuJesu. “Uthando,” ebhala, “lusibekela inqwaba yezono” (1 Pet.4:8, NKJV). Uma sithanda, uma sithethelela, sikhangisa ngalokho uJesu asenzela kona.

*\*Funda lesisifundo ulungiselele iSabatha lika-April 29.*

## Ukuba “Mqondo Munye”

**Funda u-1 Petro 3:8-12. Yiliphi iphuzu uPetro alenzayo lapha mayelana ngendlela amaKristu okumele aphile ngayo na? Yikuphi akuphindayo asekuhlo futhi ku-1 Petro 2:20, 21 na?**

UPetro uqala ngokubatshele bonke ukuba babe “mqondo munye” (homophrones). Akakhulumi ngokufaniselana, ngokuthi wonke umuntu acabange, enze, noma bakholwe ngokufana ncimishi. Isibonelo esihle salokhu ngumqondo otholakala ku-1 Korinte 12:1-26, lapho uPawule eveza ukuthi Njengalokhu umzimba wakhiwe yizigaba eziningi njengezandla namaehlo kodwa ube umunye, kanjalo, futhi, ibandla lakhiwe ngabantu abanezipho ezahlukene zikamoya. Kepha, nakukho lokhu kwehlukana, bamunye ngenhloso nangomoya ngokomqondo wokusebenzisana ekwakheni umphakathi omunye. Nembala, lobubunye abulula ngasonke isikhathi, njengoba nomlando Webandla lobuKristu uveza izikhathi eziningi. Nakuba kunjalo, ngemuva nje kwalesisiyalo, utshela abafundi bakhe indlela abangembula ngayo futhi bafeze lomgomo wobuKristu.

Ngokwesibonelo, amaKristu kumele abe nozwelo (1 Pet. 3:8). Uzwelo luchaza ukuthi lapho omunye umKristu ehlupheka, namanye ahlupheka kanye naye; lapho omunye umKristu ethokoza, amanye amaKristu athokoza kanye naye (qhathanisa no-1 Kor. 12:26). Uzwelo lusenza ukuba sibone ngendlela abanye Ababona ngayo, okuyisinyathelo esisemqoka ekuletheni ubunye. Abe esethi uPetro “thandanani” (1 Pet. 3:8, NKJV). UJesu ngoKwakhe wathi indlela yokubona abafundi Bakhe bangenpela ngokuthi bathandane (Johane 13:35). Futhi, uPetro uthi amaKristu azoba nenhliziyo ethambile (1 Pet. 3:8). Azoba nesihawu komunye nomunye ezinkingeni nasekwehlulekeni. “Bethelani umina; bonani abanye bengcono kunani. Ngalokho niyoba munye noKristu. Ngaphambi kwezulu, nangaphambi kwebandla nezwe, nizobonisa ubufakazi obungephikwe bokuthi ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. UNkulunkulu uyakudunyiswa ngesibonelo enisibekayo.”— Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 9, p. 188.

**Sikwenza kangakanani lokho okushiwo nguPetro lapha, ikakhulu ingxenye emayelana “nokungaphindiseli okubi ngokubi” (1 Pet. 3:9, NKJV) na? Yikuphi lokhu kufa kumina okumele sibe namava ako ukuze silandele lamazwi na? Singakufa kanjani lokhu kufa na? (bheka uGal. 2:20.)**

## Ukuhlupheka Enyameni

Yebo, uJesu wafela izono zethu, futhi ithemba lethu losindiso litholakala kuphela Kuye, ekulungeni Kwakhe, okusemboza futhi kusenze sifaneleke emehlweni kaNkulunkulu. Ngenxa kaJesu, “wamukelekile phambi kukaNkulunkulu sengathi awukaze wone.”—Ellen G. White, *Steps to Christ*, p. 62. Kepha Umusa kaNkulunkulu awugcini nje ngokusho, nangokumemezela ukuthi izono zethu zithethelelwe. UNkulunkulu futhi ube esesinikeza amandla okunqoba isono.

**Funda** u-1 Petro 3:18, 21; 1 Petro 4:1, 2, kanye nabeseRoma 6:1–11. **Kuxhumana kanjani ukuhlupheka nokunqoba isono na?**

---



---



---

Kunegama elincane lesiGriki uPetro alisebenzisa ku-1 Petro 3:8 eligcizelela ukuphelela komhlatshelelo kaJesu. Yigama elithi hapax, elichaza ukuthi “ngokuphelele.” UPetro usebenzisa u-hapax ukugcizelela isimo sokuphelela sokuhlupheka kukaJesu nokusifela Kwakhe. Isisho esithi “Njengokuba” ku-1 Petro 4<sup>1</sup> sihlanganisa u-1 Petro 4:1, 2 kanye nalokho osekushiwo ku-1 Petro 3:18-22. Kulezizindimana ezingenhla, uPetro uveza ukuthi uKristu wahlupheka ngezono zethu ukuze akwazi ukusiletha kuNkulunkulu (1 Pet. 3:18), futhi nokuthi “umbhabhathizo manje uyasisindisa” (1 Pet. 3:21). Umbhabhathizo, nokho, mhlawumbe uqondeka kangcono kakhulu kwinqikithi yamazwi kaPetro “. . . ngokuba yena ohluphekile enyameni uyekile ukona” (1 Pet. 4:1). Ngombhabhathizo, umKristu uthatha iqhaza ekuhluphekeni nasekufeni nasekuvukeni kukaJesu; umKristu uthathe isinqumo “sokuphila impilo yakhe emhlabeni hhayi ngokwezinkanuko zabantu kodwa ngokwentando kaNkulunkulu” (1 Pet. 4:2, NRSV). Lokhu kungafezeka kuphela ngokunikela umina nsuku zonke kuJehova kanye nokubethela “inyama nokuhheka nezinkanuko zayo” (Gal. 5:24). KwabaseRoma 6:1-11, uPawule uthi embhabhathizweni amaKristu ahlanganiswa noJesu ekufeni nasekuvukeni Kwakhe. Ekubhabhathizweni singabafile esonweni. Kumele lokho kufa kube yiqiniso ezimpilweni zethu. Amazwi kaPawule, “manizisho futhi ukuthi ningabafile ngempela esonweni, kepha niphila kuNkulunkulu ngoJesu Kristu iNkosi yethu” (Rom. 6:11), anikeza imfihlo yempilo yomKristu.

**Wagcina nini ukuzithola “uhlupheka enyameni” ukuze ulwe nesono na?**  
**Impendulo yakho ikutshelani ngempilo yakho yobuKristu na?**

---



---

## Ukuzalwa Kabusha

KuKrsitu, sinempilo entsha, isiqalo esisha. Sizalwa kabusha. Uma lokhu kunento okuyishoyo, ikakhulu kulabo abamukele uKrisu bephuma ebunganeni, kusho ukuthi bazophila ngokwehlukile kunakuqala. Ngubani ongakaze ezwe izindaba ezimangalisayo ngalabo okuthe, kade besezweni, babanamava enguquko enkulu ngenxa kaJesu kanye nomusa Wakhe osindisayo na? Nembala, ngemuva kokukhuluma ngokufa kukamina kanye nempilo entsha esinayo kuJesu (sesibhabhathiziwe ekufeni nasekuvukeni Kwakhe), uPetro ube esekhuluma ngezinguquko othile azoba namava azo.

**Funda u-1 Petro 4:3-6. Yiziphi izinguquko ezizokwenzeka empilweni yomuntu, futhi abanye bazophendula kanjani kuzo na?**

---

---

Amatemu amathathu uPetro awasebenzisile ahlobene nokusebenzisa utshwala budedengu “ukuminza” (KJV), “ukudakwa” (NRSV), “ukuxokozela,” noku “banamadili” (KJV), “ukuphuza utshwala ngokweqile” (NRSV). Ukusebenzisa ulimi lwanamuhla, izinsuku zokubhiyoza ziphelile. Empeleni, ngokukaPetro, inguquko umKrisu abanamava ayo kumele ibenkulu ngokwanele kangangokuba laba abamazi umKrisu engakaguquki bakubone “kuxwayeka” ukuthi akasathathi qhaza kwizinto ayezenza (1 Pet. 4:4, NKJV). Ngalokho, siyabona lapha ithuba lokuvangela kwabangakholwa ngaphandle kokuba sishumaye. Impilo yobuKrisu obunobunkulunkulu ingaba ngubufakazi obukhulu kunazo zonke izintshumayelo emhlabeni.

**Uthini uPetro kwisahluko mayelana nokwahlulelwa na?**

---

Lapha, nakwezinye izindawo eBhayibhelini (Johane 5:29, 2 Kor. 5:10, Heb. 9:27), uPetro ukubeka obala ukuthi ngelinye ilanga kuyoba nokwahlulelwa kwezenzo ezenziwe “enyameni” (1 Pet. 4:2). Uma uPetro ekhuluma ngevangeli “elishumayelwa futhi kulabo abafileyo” (1 Pet. 4:6, NKJV), wayethi nasemandulo, abantu abafileyo, ngenkathi bephila, babenethuba lokwazi Umusa osindisayo kaNkulunkulu. Ngalokho ke, uNkulunkulu angabehlulela ngokufanelekile, nabo.

**Njengokholwa kuJesu, uphila kanjani ngokwehlukile manje kunangalesosikhathi ungakakholwa Kuye na? Mehluke muni uJesu awenzile empilweni yakho na?**

---

# Izono Zenyama

Ekubaleni izinto ezmbi ezazenziwe ngabantu ngaphamabili, nasebeziyekile ngemuva kokukholwa kuJesu, uPetro ube esenza uhla lwezinto ezingabizwa “ngezono zocansi.”

## **Funda u-1 Petro 4:3 futhi. Yikuphi okunye akubalayo lapha na?**

---

---

---

Mabili amagama asikisa kakhulu kwezocansi: “amanyala” (aselgia, okuchaza “okwenyama”) kanye “nezinkanuko” (epithumia, okuchaza “izifiso zenyama”). Kepha, kulula ukuba amaKristu anikeze umqondo ongalungile ngezocansi. IBhayibheli alimelani nocansi. Kunalokho, uNkulunkulu waludala ucansi, futhi walunikeza isintu ukuba lube yisibusiso esikhulu. Lwalukhona eEdeni, ekuqaleni. “Ngalokho indoda iyakushiya uyise nonina, inamathle kumkayo: bayakuba nyamanye. Bobabili babeze, indoda nomkayo, futhi bengenamahloni” (Gen. 2:24, 25). Kwakumele kube ngezinye zezithako ezisemqoka zokuhlanganisa indoda nonkosikazi ngokuzinikela kwaphakade okunikeza isizinda sokukhulisa izingane. Futhi lokhu kusondelana kanye nobunye kwakuzoba yisibonakaliso salokho uNkulunkulu akufunela abantu Bakhe, ngokunjalo (buka uJeremiya 3, Hezekiya 16, Hoseya 1-3). Endaweni yalo efanele, phakathi kwesilisa nowesifazane emshadweni, ucansi luyisibusiso esikhulu; endaweni engalungile, ngokwengqikithi engalungile, lungaba ngezinye zezinto ezibhubhisa kakhulu emhlabeni. Imiphumela yanamuhla ebhubhisayo yalezi zono ingale kokuqonda. Ngubani phakathi kwethu ongazi bantu ompilo zabo zonakaliswe ngukuphatha budedeng lesisipho na?

## **Yini efanayo kulezizindimana ezilandelayo na? 2 Sam. 11:4, 1 Kor. 5:1, Gen. 19:5, 1 Kor. 10:8.**

---

---

---

Nembala, othile akalidingi iBhayibheli ukwazi izindaba zobuhlungu nokuhlupheka okudalwa yilezi zono. Kepha, kumele siqaphele noko. Ngeqiniso, izono zaloluhlobo ziba nemiphumela emibi kakhulu kubantu, futhi umphakathi unomkhuba wokuzibuka kabi. Kodwa isono yisono, futhi ukufa kukaKristu kuyazihlanza nezono zocansi. NjengomKristu, kumele uqaphele, ikakhulu kulomkhakha obucayi, ukuba uqiniseke ngokuthi “uqale ususe ugodo esweni lakho, bese ubona kahle ukuba ukwazi ukususa isici esweni lomzalwene wakho” (Luka 6:42, NIV).

# Uthando Lumboza Konke

Nangesikhathi sikaPetro, amaKristu ayephila ngokulindela ukubuya masinyane kukaJesu kanye nokuphela kwalomhlaba. Siyakwazi lokhu ngoba ku-1 Petro 4:7 ubhala athi: “Kepha ukuphela kwazo zonke izinto sekusondele; ngakhoke zikhuzeni nizithibe ukuze nikhuleke” (NKJV). Ngamanye amazwi, lungelani ukuphela kwezinto. Ngokomqondo oqinsekile, futhi, “isiphelo,” ngokwethu, sisekufeni kwethu. Sivala amehlo ethu ekufeni, futhi—noma ngabe yiminyaka eyinkulungwane edlulayo, noma yizinsuku ezimbalwa—okulandelayo esizokwazi ngokubuya kwesibili kukaJesu nokuphela komhlaba.

**Ngokuka Petro, ngoba “ukuphela kwazo zonke izinto” sekuseduze, amaKristu kumele aphile kanjani na? 1 Pet. 4:7–11.**

---

---

---

---

Ngaphandle kokuba aqine ekukhulekeni, amaKristu kumele “aqhubeka nokuthandana, ngokuba uthando lumboza izono eziningi” (1 Pet. 4:8, NRSV). Lokhu kuchaza ukuthini na? Uthando lusemboza kanjani isono na? Ukhaye utholakala kwisahluko acaphuna kuso uPetro, Izaga 10:12, esithi: “Inzondo ibanga ingxabano, kodwa uthando lusibekela zonke izono” (NKJV). Lapho sithandana, siyakulungela ukuba sikuthole kulula ukuba sithethelele labo abasilimazayo, futhi basicasule. Uthando lukaKristu lumholela ekutheni asithethelele; uthando lwethu kemele lusiholele ekuxoleleni abanye. Lapho uthando lwandile, amaphutha amancane, nalawo amakhulu, kubalula ukuba ambozwe futhi akhohlakale. Ngokuqinisekile uPetro wayebeka umqondo ofanayo nalowo kaJesu noPawule abathi wonke umthetho uqukethwe kwisibopho sokuthanda uNkulunkulu ngenhliziyo yethu yonke futhi nokuthanda umakhelwane wethu njengalokhu sizithanda nathi (Mat.22:34-39, Rom. 13:8-10). UPetro ubuye akhuthaze amaKristu ukuba amukelane. Ukuza Kwesibili sekuseduzane, kodwa amaKristu akumele ahlehle kubudlelwane basemphakathini ngenxa yalokho. Ekugcineni, lapho amaKristu ekhuluma, kumele akhulume njengalabo abakhuluma amazwi kaNkulunkulu. Ngamanye amazwi, ukuba bucayi besikhathi kubiza ukuxhumana okubucayi mayelana namaqiniso kamoya.

**“Uthando luzokwemboza izono eziningi.” Ngubani okonileyo na? Ungalwembula kanjani uthando oludingekile “lokumboza” lesosono na”? Kungani kusiza wena ukuba wenzenjalo na?**

## Cabanga Kabanzi:

“Uthando olubekezelayo futhi olumnene ngeke lwaqamisa iphuthana lilenze isono esikhulu, futhi lungeke lwasizakala ngamaphutha abanye. Izibhalo zikubeka ngokusobala ukuthi abonayo kumele baphathwe ngokubekezela nangokuqikelela. Uma umgudu olungile ulandeliwe, inhliziyo enenkani ingazuzelwa kuKristu. Uthando lukaJesu lwemboza izono eziningi. Umusa Wakhe awuholeli ekwembuleni amaphutha omunye, ngaphandle kokuba kufanelekile ngokuhle.”—Ellen G. White, *Counsels to Parents, Teachers, and Students*, p. 267. Cabanga, ngokwesibonelo, ngoJesu kanye nowesifazane owayebanjwe ephinga (Johane 8:1-11). Sivame ukubuka lendaba njengeyomusa kaKristu kulowesifazane owile, futhi lokho kuyiqiniso. Kodwa kukhona okujulile, futhi. Ngokunqwamana nabaholi bezenkolo ababelethe lowesifazane Kuye, kungani uJesu abhala “izimfihlo zamacala abo” (Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 461) othulini, lapho amagama ayengacimeka khona ngokushesha na? Kungani engazange ababeke icala obala, ememezela kubo bonke ngalokho ayekwazi ngezono zabo, okwakungenzeka zibe zimbi kakhulu kunalesi sowesifazane na? Kunalokho, uJesu wababonisa ukuthi wayebazi ububi bokuzenzisa kwabo, futhi kunjalo wayengeke abaneke kwabanye. Mhlawumbe kwakuyindlela kaJesu yokufundisa lamadoda, ewakhombisa ukuthi wayezazi izinhloso zabo futhi ngalokho ebanikeza ithuba lokusindiswa. Yeka ukuba namandla kwesifundo kithina lapho sidinga ukubheka nalabo abonileyo.

## Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Gxila kakhulu embuzweni wobunye kunalowo wokufaniselana. Ngabe zikhona yini izigaba okumele sibemunye kakhulu kuzo ukuze sisebenze njengebandla na? Uma kunjalo, yiziphi, futhi singakuthola kanjani lokhu kuvumelana na? Ngokuphikisanayo, yiziphi izigaba lapho ukungaboni ngaso linye kungeyona ingozi kodwa, eqinisweni, kube lusizo na?
2. Abe yini amava akho kulomqondo wesidingo “sokuhlupheka enyameni” ukuze uyeke isono na? Kusho ukuthini lokhu na? Ingabe amandla kaNkulunkulu ezimpilweni zethu okuguqula achaza ukuthi asihlupheki enyameni ukuze siinqobe na? Uma kungenjalo, kungani na?
3. Buka umonakalo odalwe wutshwala ezimpilweni zabantu abaningi. Yini esingayenza njengebandla ukusiza abanye babone ingozi yalesisidakamizwa na? Yini esingayenza ukuvikela intsha yethu iqwashiseke ngephutha lokuhlola ngento enobungozi obungaka na?

